# *NaMehlo Abo Ayesevuleka BaMazi*

EVangelini likaLuka oNgcwele, futhi siqala ngesahluko sama 24 nelamashumi amathathu-. . .ivesi la 31, noma ngizothi ivesi lama 30 lesahluko sa 24.

> *Kwathi, esehlezi nabo ekudleni,* futhi *wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wabanika.*
>
> *Namehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.*
>
> *Bathi omunye komunye,* Izinhliziyo *yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma kithi e, ndleleni, nalapho esivulela imibhalo na?*

2 Futhi sengathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo. Indikimba yami izoba, uma bengingayibiza kulobubusuku: *NaMehlo Abo Ayesevuleka BaMazi*. Manje kuyashisa, kodwa ngifisa sengathi ningakumela ngokubekezela nje ngangeningakwazi, imizuzwana nje embalwa, futhi ngizozama ukusheshisa. Kodwa manje sifuna ukubuka ngobuqotho eZwini, iZwi likaNkulunkulu elimangalisayo. Futhi siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu, ngandlela thize, uzovula amehlo ethu kulobubusuku.

3 Uma iPhasika lingumgubho nje wesenzakalo somlando, futhi lokho kuphela, khona-ke sinesizathu esincane sokungabaza, sinesizathu esincane sokubuza, ngoba kwakuzoshiywa phezu komcabango oqotho wokuthatha nje izwi. Futhi uma uKristu engazange enze izethembiso Azenza, khona-ke nathi futhi, besingeke sibe nobufakazi esinabo.

4 Kodwa iNkosi yethu ebusisiwe yathi, ngenkathi Iselapha emhlabeni, "Kuseyisikhashana nje, nezwe ngeke lisaNgibona." Manje lelogama elithi *izwe* lapho, livela kwi "inqubo yezwe, abantu bomhlaba." "Izwe ngeke lisaNgibona. Nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje, lawo maZwi aqinise nje njenganoma yimaphi amanye amaZwi esiwakhulumile kuleliviki, ephuma eBhayibhelini, aqinise nje njenganoma yimaphi amanye amaZwi aseBhayibhelini. "Kuseyisikhashana nje, nezwe ngeke lisaNgibona. Bangeke bavulwe amehlo abo." Kunabantu abazalwa emhlabeni, kungesiyo intando kaNkulunkulu, kodwa ngenxa yokukhetha kwabo kobugovu bebengeke baMkholwe ukuba Ubeme ngqo lapha ekhuluma nani kulobubusuku. Kuyadabukisa ukukusho, kodwa iBhayibheli

lasho ukuthi, "Bazalelwa kulelizwe, kulokhu kulahlwa," uJuda, nasevesini cishe le 3.

5 Manje, kodwa kinina, kulobubusuku, eniphumayo futhi nime nizungeze egunjini, futhi nitakelane ndawonye esakhiweni esishisayo esincane njengalesi, anizi nje ukuze nibonwe. Nizela injongo ethize. Futhi, ngokombono wami, nize ngobuqotho benhliziyo yenu, ukuze nihambele eduze noNkulunkulu, ukuba usuke lapha, kulobubusuku, ungumuntu ongcono kunalokho obuyikho ngenkathi ungena. Yilokho engikukhulekile lapho ngingene emnyango, kulobubusuku, "Nkosi, ngenze umuntu ongcono uma sengiphuma, kulobubusuku, kunalowo ebenginguye ngenkathi ngingena." Manje ngesikhathi Yena . . .

6 Ngaphambi kokumuka kwaKhe, Wenza lezi zinhlobo zezitatimende. Wathi, "Okholwa yiMi . . ." UJohane oNgcwele, isahluko 14, ivesi 7. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza; emininingi kunale uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi. Ngiyahamba, ngiphinde ngibuye futhi."

7 Manje sizoyithola imisebenzi Ayenza. Imisebenzi Ayenza na? Akazange azisho ukuthi ungumuntu omkhulu, WayenguMuntu othobekile nje. Akazange akhulume nganoma yimaphi amagama olimi aphakeme, Wakhuluma nje njengoMuntu ojwayelekile. Wayehlala phakathi kwabampofu, "izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zinezidleke, kodwa Yena wayengenandawo yokuqamelisa ikhanda laKhe." Wayenengubo eyodwa, Ayenikezwe yona, "yayithungwe yonke indawo, ingenampetho kuyo."

8 Yingakho babeyigembulela. Kwakwenziwelani lokho na? Ngoba isiprofetho seTestamente eliDala sasifanele sigcwaliseke, "Babelana ngezambatho zaMi, benzelana unkatho ngesembatho saMi." Ngakho abakwazanga ukwabelana ngalompetho, kwadingeka bayigembulele, futhi lokho kwakungukugcwalisa isiprofetho seTestamente eliDala.

9 Kodwa sizoqaphela, ngemizuzwana embalwa nje, ukuthi Wenzani na? Futhi ngiyakholwa, kulobubusuku, ukuthi kungukulamba kwayo yonke yezinhliziyo zethu, kusukela komncinyane kuye komdala kunabo bonke, kulobubusuku, ukubona uJesu Kristu. Kuyisifiso senhliziyo yami. Futhi kungani na? Uma sisho ngemiBhalo . . .

10 Imisakazo iyakuqhumisa namuhla, amathelevishini afaka izinhlelo, izikeshi zishilo, ukuthi, "Akekho lapha, kodwa Uvukile!"

11 Yebo, khona-ke, uma Evukile, iBhayibheli lathi, kumaHeberu 13:8, "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Manje, nakhu la kukhona, bahlobo. Lokho kuphakathi kokuthi yiQiniso, noma akusilo iQiniso. Lokho, uma lokho kungesilo iQiniso, khona-ke iBhayibheli lingamanga, futhi khona-ke amaZwi angamanga; futhi khona-ke silahlekile, futhi

akukho kuvuka kwabafileyo, futhi siyazenzisa nje. Kodwa uma kuyiQiniso, khona-ke Kufanele kuziqinisekise Khona.

12 Uma uthi lamanzi amanzi; angikaze ngiwabone amanzi ngaphambili. Uwathulule phezu kwami, futhi akumanzi, khona-ke amazwi akho—akho awasilo iqiniso. Kodwa uma uwathululela kimi, futhi kubemanzi, khona-ke amazwi akho liqinisile.

13 Uma uKristu enguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke iBhayibheli liqinisile. Uma Yena engesuye izolo, namuhla, naphakade, ngakho-ke Alisilo iqiniso. Uma amaZwi kaNkulunkulu lingesilo iqiniso, khona-ke uKristu akasilo iqiniso. Ngakho-ke, uma amaZwi kaNkulunkulu lingesilo iqiniso, uNkulunkulu akasilo iqiniso. Kodwa, khona-ke, uma iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso, khona-ke iBhayibheli liyiqiniso, uNkulunkulu uyiqiniso, uKristu, uyiqiniso, futhi sifanele sethembeke eMbangeleni. Kunjalo!

14 Manje, ngesikhathi Esemhlabeni, Akazange azisho ukuba yinoma imuphi umphulukisi omkhulu. Bangaki owaziyo ukuthi iNdodana kaNkulunkulu ayizange izisho ukuthi ingumphilisi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo impela. Wathi, "Ngingenze lutho ngokwaMi, kepha lokho eNgibona uBaba ekwenza. AkusiMi owenza imisebenzi," Washo, "nguBaba ohlala kiMi. Wenza imisebenzi." Yiluphi uhlobo lwemisebenzi Alwenzayo na?

15 Siyathola eBhayibhelini, lapho umfo ogama linguFiliphu asindiswa khona. Futhi waya ngale futhi wathola umngani, uNathanayeli; emuva le, amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba. Wambuyisa kuJesu. Futhi ngesikhathi emthola, wayengaphansi komuthi, ekhuleka. Futhi wathi, "Woza, ubone ukuthi Ngubani esimtholile; uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

Wathi, "Ingaba khona yini into enhle evela eNazaretha na?"

Wathi, "Woza ubone."

16 Yilobo bufakazi obuhle kunabo bonke engibaziyo. Ungathathi igama elishiwo ngomunye ngaLo. Woza, uzibonele wena! Wathi, "Woza ubone."

17 Futhi lapho efika, uJesu wayemi emgqeni, mhlawumbe ekhulekela abantu. Futhi ngenkathi uFiliphu efika, noNathanayeli, uJesu wathi, "Bhekani umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

18 Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?" Kwammangalisa. "Ungazelaphi Wena na?"

19 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona." Ibanga elingamamayela angamashumi amathathu, ukudabula intaba, nokho, "Ngakubona."

20 Lokho kwakhombisa ukuthi WayeNgubani. WayenguNkulunkulu osezindaweni zonke; hhayi nje umprofethi, kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe ebonakaliswe enyameni. Yileso isizathu Wayengabeka, ukuphila kwaKhe, phansi, aphinde akuthathe futhi.

21 Owesifazane omncane uza ukuzokha amanzi ngelinye ilanga. Futhi wakhuluma naye, futhi wathi, "Sifazane, Ngiphuzise!"

22 Wathi, "Kuphambene nesiko kini baJuda ukuthi nisicele thina, maSamariya, okunjalo. Asidlelani omunye nomunye."

23 Wathi, "Kodwa ukube bewazi ukuthi Ngubani obukhuluma naye, bewungacela kiMi ukuphuza. Ngizokulethela aManzi ongeke uze lapha ukuzokha."

24 Futhi owesifazane wathi, "Umthombo ujulile, Mnumzane. Awunakho ongakha ngakho, futhi Ungawatholaphi laManzi."

25 Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Futhi Ngenkathi esetholile ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, inkathazo yakhe yayingukuthi wayephila ngokuphinga. Wayenamadoda ayisihlanu, futhi wayehlala neyakhe yesithupha.

NoJesu wathi kuye, "Hamba, ulande indoda yakho, bese niza lapha."

Futhi wathi, "Anginandoda."

26 Wathi, "Qha, ube nayisihlanu, nalena ohlala nayo manje ayisiyo eyakho. Ngakho, ukhulume kahle."

27 Bukani manje, umJuda. Ngenkathi uJesu enza leso simangaliso kuye, lowomJuda wokuqina, wangempela, umJuda weqiniso, wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli." Wayazi ukuthi lezo zibonakaliso zazifanele ukuphekelezela uMesiya.

28 Futhi manje nangu umSamariya. Ngesikhathi lesosimangaliso sesenziwa kowesifazane, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezi zinto. Kepha Wena ungubani na?"

Wathi, "NgiNguye okhuluma nawe."

29 Washiya imbiza yakhe yamanzi, futhi wagijima wangena emzini, futhi wathi, "Wozani, nibone iNdoda Engitshele izinto engizenzile. Ngabe lona akusuye yini yena kanye uMesiya na?" Impela.

30 Kuqhubeke njalo kuyoyonke imiBhalo singakuthatha, ukuthi Wazenza kanjani izinto uBaba ayeMbonisa zona. IBhayibheli lathi, ngale kuJohane oNgcwele, lapho bemBuza ukuthi kungani Angabaphulukisanga bonke labo bantu abakhubazekile, futhi Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini." UJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingeke yenza lutho Ngokwayo; kodwa

lokho Ebona uBaba ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza ngokufanayo."

31 Manje, uma uKristu evukile kwabafileyo, futhi uphakathi kwethu namhlanje; futhi wethembisa ukuthi izinto ezifanayo Azenza, lezo sizozenza nathi; lokho kungukuthi kuyiQiniso, noma akusilo iQiniso. IBhayibheli lathi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade."

32 Futhi, bangani, ngiyajabula nje ukwazi, namuhla, ukuthi mina ngokwempela, ngakho konke okukimi, ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Wakhulelwa futhi wazalwa, ukuzalwa okucwebileyo. Wahlupheka ngaphansi kukaPontu Pilatu; wabethelwa, wafa, wangcwatshwa, wavuka futhi ngosuku lwesithathu; futhi wakhuphukela eZulwini, futhi uhlezi ngakwesokunene soBukhosi baKhe. NoMoya oNgcwele ulapha uqhubeka nomsebenzi ofanayo Awenza ngesikhathi Eselapha emhlabeni. Umcabango omuhle kanje pho!

33 Ukusa okuhle kanje pho, ukusa kokuqala kokuvuka ekufeni, iPhasika lokuqala elake lasa emhlabeni! Niyaqonda yini ukuthi leliPhasika esiligubhayo, lokuvuka kwaKhe ekufeni, likhomba kuphela nje ePhasikeni elikhulu elizayo, ihora Eza ngalo evela emaZulwini na? Futhi bonke labo abafile kuKristu bayovuka futhi bahambe naYe. Sibheka phambili kuphela kulelo, iPhasika elikhulu, elizayo. Futhi, namuhla, kuhle kanjani pho, induduzo enje pho, ubufakazi obunje pho esinabo, lapho iBhayibheli likumemezela, lapho ubukhona baKhe ezindaweni zonke bukumemezela, lapho aMandla aKhe aphulukisayo ekumemezela, lapho uMoya waKhe omkhulu ukumemezela, lapho yonke into emvelweni ikumemezela, iBandla laKhe liyakumemezela, inhliziyo yami iyakumemezela, yonke inhliziyo yomuntu ozelwe kabusha iyakumemezela, ukuthi, "uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi uzophinde abuye! Futhi Usenguye manje, 'Izolo, namuhla, naphakade!'" Manje qaphelani.

34 Kwakukulokhu kusa okuhle kwePhasika. Kwakubekhona amaningi emahemuhemu, inkulumo. Abanye besifazane babebuya ethuneni, bathi babone umbono weziNgelosi. Futhi babecabanga ukuthi ngumlimi wengadi; uMariya, unina, ngokuba wezwa iphimbo likhuluma ngemva kwakhe, futhi lathi, "Ngubani enimfunayo na?" Futhi ngesikhathi Iphenduka . . .

35 Owesifazane waphenduka, wayesethi, "Bayisusile iNkosi yami. Angazi ukuthi baYibekephi. Uma kungukuthi Uyazi, ngitshele ukuthi Ikuphi, futhi ngizohamba ngiYilande."

Yaphenduka, yayisithi, "Mariya."

36 Futhi owesifazane waYibuka, wayesethi, "Raboni," okusho ukuthi, "Nkosi!"

37 Wathi, "UngaNgithinti, ngoba aNgikakakhuphuki. Kodwa Ngizokhuphukela kuBaba wenu, nakuBaba waMi;

kuNkulunkulu wami, nakuNkulunkulu wenu. Kodwa hambani, nitshele abafundi baMi Ngizohlangana nabo eGalile."

38 Lokho kwakubonakala kuyinganekwane embi kanjani pho, yaloMuntu abambona egcobisiwe; futhi wafa, wangcwatshwa, futhi lolu kwase kulusuku lwesine, noma usuku lwesithathu kusukela Afa. UPetru esadumele, futhi wayesefuna ukuya kodoba. Ababili babo bathi, omunye ogama linguKleyophase, wathi, "Sizovele sibuyele ekhaya nje, eJerusalema." Futhi endleleni yabo, behambisana, ngalokho kusa. Lapho uPetru athatha udobo lwakhe futhi wahamba, edoba. Laba ababili babesendleleni yabo, bedabukile. Futhi lapho besahambisana endleleni, bathi, "Awu, ngicabanga ukuthi impilo ayifanelwe ukuphilwa. O, ukuthi besikholwa kanjani ukuthi WayenguMesiya! Bekungenzeka kanjani lowoMuntu, Owavusa abafileyo, ukuba ake ame futhi avumele lowompristi omkhulu ahlekise ngaYe na? Wayengakwenza kanjani lowoMuntu, Owayengabona umbono emva kombono, ukuba ake avumele lelososha lamaRoma limvale ngendwangu ebusweni baKhe, futhi liMshaye ekhanda, futhi lithi, 'Uma Ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani oKushayile'? Wayengawukhalela kanjani umusa, esiphambanweni, ebona ukuthi Angakwazi ngisho nokuvusa abafileyo na?" O, kwakungumzuzu odumazanayo!

39 Futhi lezo zikhathi ezidumazanayo ziza kulolonke ikholwa, ukukuhlola, nokukuvivinya, nokubona ukuthi uyakholwa impela yini. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu, ifanele kuqala ihlolwe, iqeqeshiswe okomntwana."

40 Kuzoba nabanye benu lapha kulobubusuku, akungabazeki, abazodlula kulokho kuhlolwa okufanayo. Uma kumele sibize umugqa womkhuleko, anginamqondo ukuthi ubani onamakhadi okukhulekelwa, akekho omunye owaziyo; onke nje ashoviwe ndawonye, bese enikezwa nina. Ngizobiza kusuka ndawana-thize, noma ngabe yini esengqondweni yami ngalesosikhathi. Singeke sikwazi ukubamisa bonke kodwa abambalwa ngankathi. Amadazini awathi awabe mabili, mhlawumbe, azodlula kulomugqa womkhuleko. Bonke bafuna ukuza. Ungahle ucabange ukuthi Ukwedlulile, kodwa Akakwedlulanga. Uyakuhlola nje, ukubona nje ukuthi uzoMkholwa ngempela yini. Umbono awuphulukisi; umbono uqinisekisa nje kuphela uBukhona baKhe.

41 Bengihlezi lapha nje, ngibuka khona manje nje phezu kwezethameli. Futhi ngibona u—umngani wami, uNkk. Cox, ovela ezansi eKentucky. Wayenomdlavuza omkhulu ebusweni bakhe, emavikini ambalwa edlule, sewumudle wamqeda ngasesweni lakhe. Wayefa. UNkk. Wood, umngani wami omuhle, wangishayela ucingo, futhi wayekhala, wathi, "Ngikholwa ukuthi uzodla iso likamama uliqede, ezinsukwini ezimbalwa." Udokotela waqala ukuwuhlokoloza, ngohlobo oluthize lwento,

futhi wawusabalalisa. Kwakusesimweni esibi. Sangena futhi sanikela ngomkhuleko olula, omncane, ngokholo olugxilise okwehange, ukuthi kuzokwenzeka. Futhi nangu uhlezi lapha kulobubusuku, ukahle ngokuphelele futhi uyaphila; akukho ngisho ichashaza lawo elisele, wonke uphulukisiwe, ebusweni bakhe. Uhlezi khona lapha phambi kwethu. Abanye ngapha, abanesimo esifanayo. Ngani na? Yingenxa yokuthi uJesu Kristu wavuka kwabafileyo, futhi Uyaphila.

42 Ofanayo Owayengathinta onobulephelo, futhi wathi, "Ngiyathanda, hlanzeka," angawuthinta umdlavuza futhi athi, "Ngiyathanda, hlanzeka," uma eNguye izolo, namuhla, naphakade.

43 Futhi lapho uKleyophase kanye nabo bahambisana, bedumele, babethi nje ababe sohlobweni oluthize lokunye kwalokho kusa okudabukisayo, kubonakala sengathi yonke into ihamba kabi. Futhi khona manjalo, uMuntu othize waphuma, Eseza nje ngemva kwabo, wahamba wenyuka futhi wahambisana nabo. Futhi babengazi nhlobo ukuthi leyo kwakuyiNkosi uJesu! Yayiphila, futhi abantu abaningi ababeYithanda babengakwazi.

44 Futhi lokho kunjalo ngokufanayo nanamuhla. Kukhona abantu abaningi namuhla abathanda iNkosi, futhi abaqondi. Ungabatshela ngakho, kepha nokho abakwazi ukuqonda ukuthi Uphila kuze kube phakade, kulobubusuku, ukuthi Ulapha kulelibandla kulobubusuku, ukuthi Ulapha phakathi kwethu, futhi uzobakhona aze Eze ngowenyama, umzimba wenyama. "Angisoze nganishiya noma nginilahle."

45 Futhi lapho besahambisana, futhi baqala ukukhuluma, endleleni. UJesu, ngifuna ukuba niqaphele into yokuqala uJesu ayenza, waya ngqo emBhalweni. Wathi, "O, abayiziwula enhliziyweni, kulukhuni yini kini ukukholwa lokho abaprofethi abakusho na?" Ngokuba, Wayesanda kubabuza, "Nidabukiswe yini kangaka na?"

46 Futhi bathi, "Ngabe Uyisihambi yini na? Awazi yini ukuthi uJesu waseNazaretha, Ebesicabanga ukuthi unguMesiya, uMkhululi ka-Israyeli, awazi yini ukuthi lolu sekube ngisho usuku lwesithathu kusukela Abethelwa na? Wayeyindoda enamandla, eZwini. Wayengumprofethi onamandla, ngoba ziningi izimangaliso nezinto, uNkulunkulu azenzile ngaYe. Futhi lolu wusuku lwesithathu; futhi manje baMbulele, futhi baMngcwaba, futhi Ubesethuneni. Futhi abanye besifazane beza kithi basitshela ukuthi Uvukile kwabafileyo. Futhi siyazi ukuthi bekuyinganekwane nje engubulima, ngakho-ke sisendleleni yethu ebuyela emuva."

47 Ngakho-ke ngenkathi Eqala ukuvula iZwi. O, ngiyalithanda iZwi likaNkulunkulu eliPhakade! Waqala ukuhlola imiBhalo,

eqala ngoMose. Akazange ashiye lutho lungembuliwe, Waqonda ngqo eZwini!

48 Noma yiyiphi indoda ethunywe nguNkulunkulu, angikhathali ukuthi ingubani, iyohlala neZwi likaNkulunkulu. Uma ingakwenzi, ayisiyo inceku kaNkulunkulu yeqiniso.

49 Waya ngqo eZwini. Futhi Wakhombisa, ngeZwi, ukuthi uKristu wayezofa, aphinde avuke futhi, bese engena eNkazimulweni yaKhe. Manje, o, bafanele ukuthi bakhuluma kanjani pho!

50 Bengingathanda ukuba bengingaba nalawo mahora ambalwa ukukhuluma naYe (ubungeke na?) sihambisana endleleni. Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, impela ngingathanda. Ngifisa sengathi ngingakwenza." Awu, singabanakho khona manje. NguYe okhuluma nawe, enhliziyweni yakho. Awukuqondi nje.

51 Manje qaphelani lapho Esasondela emzini, ukuhlwa kwakuza, Wenza sengathi Wayezoqhubeka adlule.

52 Angakwenza lokho kuwe, futhi. Angahle akwenze ucabange ukuthi Uqhubekela phambili, kodwa Angeke. Angeke edlule. Ufuna nje wena ukuba uMmeme.

53 Base bethi kuYe, "O, ilanga selishonile. Manje ungaqhubeki, kodwa sicela ungene futhi uhlale nathi." Vele nje uMnike lolohlobo lwesimemo, uthole ukuthi kuzokwenzekani. Bathi, "Ilanga selishonile manje, Woza uhlale nathi. Sekuyahlwa." Wase-ke Eyajika futhi wangena, esitolo othenga udlele kuso esincane, ihhotelana elincane.

E-Yurophu basenalo. Uyadla futhi ulale, futhi konke kukhokhelwe esikweletini esisodwa, ihhotela lakho.

54 Futhi ngenkathi Engena nabo! Nansi ingxenye enhle. Lonke lolosuku, ngesikhathi besakhuluma naYe, Akazange asho lutho. Nokho, babehambe naYe futhi bakhuluma naYe, ngaphambili, kodwa abakuqondanga.

55 Ngubani owanigcina ukuthi ningabi nengozi ngelinye ilanga na? Ngubani owenze lowomntwana ukuba asinde na? Ngubani okukhokhelele leyo grosa na? KwakunguYe, kodwa awukuqondi nje. Ngubani okunika impilo ukuthi ukwazi ukuphuma uze esontweni kulobubusuku na? NguYe, kodwa anikuqondi. O, uma nje besingenza njengabo, nje ukuMmema ukuba angene!

56 Futhi ngesikhathi Engena, wangena ngaphakathi, wavala iminyango, khona-ke Wenza into okungekho omunye umuntu ongayenza ngaleyondlela. Kwakunguye kuphela Owayengayenza, ngoba bebakade bekanye naYe ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Futhi Wathatha lesosinkwa, futhi, ngendlela nje Ayenze ngayo, leyo kwayiyona ndlela yaKhe uQobo yokukwenza. Namehlo abo avuleka, futhi bazi ukuthi kungaba nguYe kuphela. Akazange ahlale nabo isikhathi

eside. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Wanyamalala emehlweni abo, ngomzuzwana nje.

57 Futhi endleleni yabo, babuyela emuva ngokushesha nje ababengakwenza, izinyawo sezilula, bamemezela ukunqoba nje, ukubatshela ukuthi, "INkosi ivuke ngempela!" Abazange babuyele emuva ukuyophikisana ngenkolo yabo. Abazange babuyele emuva ukuyophikisana ngaYo. Kodwa bavele bazi nje ukuthi Wayevukile kwabafileyo!

58 Manje, mngani, uma uJesu Kristu, iNdodana ephilayo kaNkulunkulu, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule; uma iBhayibheli liyiqiniso, Wathi, "Ngiyaphila kuze kube phakade"; Uphila ngokufanayo nje lapha, kulesi sakhiwo kulobubusuku, njengoba Ayenjalo ngosuku lokuvuka kwaKhe. Usemzimbeni nje.

59 Abanye babo babebuthene ndawonye. Futhi Wafika ngqo wadlula odongeni, wabonakala ngqo phakathi, phakathi kwabo, wathi, "Nakhu, Ngizweni. Bukani izibazi zaMi ezandleni zaMi. Ngabe ithongo linayo yini inyama namathambo njengoba Nginakho na?" Wathi, "Nginikeni okuthize okudliwayo." Futhi baMnikeza inhlanzi nesinkwa. Wama lapho futhi wakudla, phambi kwabo, wathi, "Ithongo alidli njengoba niNgibona ngidla."

60 Uyini Yena na? Uyilowo omkhulu, uJehova Nkulunkulu ophilayo ophakathi kwethu kulobubusuku. Uphakathi kwalapho kukhona ababili noma abathathu bebuthene ndawonye: "Ngiyoba phakathi kwabo."

61 Futhi manje nakhu engikucabangayo. Uma uKristu ezokuza kulezi zethameli zabantu, nisajuluka, nilindile; futhi uzofakazisa, kuleliPhasika, ukuthi Uyaphila, futhi umile kulesi sakhiwo kulobubusuku; khona-ke unelungelo lokuMcela noma yini Ayifela, futhi ukholwe ukuthi uzokwemukela. Niyakholwa ukuthi lokho kuyiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, kunjalo.

62 Manje, ngingakhuluma kini isikhathi eside, kodwa iZwi elilodwa nje elivela kuKristu lizosho okuningi kunawo onke amazwi engingawakhuluma; iphimbo elikhathele nelikhandlekile, futhi ngikhathele njengoba kunjalo ngephimbo.

63 Futhi-ke enye into, ngokukhuluma. Kulukhuni, ngoba leli yikhaya lami, ukuba nenkonzo eyimpumelelo nogcobo lukaMoya kanjalo. Ngani na? Ngoba leli yikhaya lami. UJesu washo ukuthi, "Umprofethi, ekhaya lakubo, izwe lakubo, ngisho nasesifundeni sezwe sakubo." Kuyinto nje eyenzeka ngaleyondlela.

64 Bathi ngesikhathi Eya emzini waKubo, bathi, "Lona akusuye yini lowo oyindodana yombazi na? Akusuye yini umama waKhe, uMariya, olapha kanye nathi na? Akusibo yini bonke abafowabo baKhe abalapha, nodadewabo baKhe na? Asibazi

na? Yisiphi isikole Aphuma kuso na? Yiliphi ikholiji lezenkolo Aphothule kulo na? Uphethe ziphi izincwadi ezimchazayo na?" Futhi Akazange afike nganoma yisiphi isikole noma ikholiji lezenkolo, noma ziphi izincwadi ezimchazayo, kodwa Uvela kuNkulunkulu. Kodwa abakubonanga. Bathi, "UKutholaphi lokhu kuhlakanipha na?"

65 Futhi ngenkathi bembona Ehlulela leyo micabango yabantu. Ngenkathi uPetru eza kuYe, Wathi, "Igama lakho unguSimoni. Igama likababa wakho nguJonase."

Kwabalahla phansi! "Wabazi kanjani na?"

66 AbaFarisi bama ngapho, futhi bathi: "UnguBelzabule. Uyinkosi yababhuli. Ungudeveli!"

67 Futhi uJesu wathi, "Nisho lokho ngaMi, iNdodana yomuntu, nizothethelelwa khona. Kodwa lapho uMoya oNgcwele efika futhi enze into efanayo, futhi nikhulume igama elilodwa elimelene naYe, awusoze wathethelelwa ngakho, kulelizwe noma ezweni elizayo." Ngakho, kuyinto eyingozi. Ngakho Wayazi kanjani na? WaKusholani lokho na? Wayazi ukuthi lezo zibonakaliso zaziyokuma kuze kube yilolusuku lokugcina.

68 Futhi lolu izinsuku zokugcina, Wayengeke abe nobulungiswa, ukuthulula ulaka lwaKhe phezu kwabantu abalungile. Bane... Silinganiselwe esilinganisweni, futhi safunyanwa silula. Konke esikucabangayo nje izikhathi ezinkulu, izinhlelo zemisakazo, ezingahlungiwe, u-Elvis Presley, u-Arthur Godfrey, amahlaya amadala angcolile, osaziwayo basemsakazweni namathelevishini. Sihlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku, kwinkonzo yomkhuleko, ukubona into engasile enjengaleyo, futhi sizibize ngamaKristu na?

69 Ngakho-ke lapho uNkulunkulu ethulula uMoya waKhe, futhi akhombise izibonakaliso zaKhe zovuko, siyaWulahla futhi sifulathele. Futhi lokho yisono esingeke saxolelwa, ukwenza lokho. UJesu wathi, "Khuluma igama elilodwa nje elimelene naWo, lingeke lithethelelwe, kulelizwe noma ezweni elizayo." Ngakho lowoMoya ufanele uze kulolu izinsuku zokugcina, ukufakazisa leloZwi likaNkulunkulu ukuthi liyiqiniso.

70 Futhi ngiyasho, ngaphansi kwegunya leZwi likaNkulunkulu, nomuzwa womphefumulo wami uqobo: lowoMoya oNgcwele ofanayo (uMoya) ukhona lapha manje phakathi kwalababantu. Manje, ngishilo ukuthi Uvukile kwabafileyo. Ngishilo ukuthi Uyaphila, uphila kuze kube phakade. Ngishilo ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade; ofanayo emgomweni, ofanayo eMandleni; ofanayo kuyoyonke into, konke ngaphandle komzimba waKhe wenyama ohleli ngakwesokunene sikaNkulunkulu noBukhulu, eNkazimulweni. Kodwa uMoya oNgcwele ulapha, usebenza, uhambahamba, usebenza, wenza nje njengoba uJesu Kristu enza, ngoba lobo ngubufakazi

bokuvuka kwaKhe. Ihora elihle kanje pho! Manje ngicabanga ukuthi niyabona lapho ngimi khona.

71 Manje, hhayi kuphela nje ngalaba abancane, cishe abantu abayikhulu, noma abantu abangamakhulu amabili lapha ku—kulesisakhiwo esincane, beminyene lapha kulobubusuku, kodwa ngisenzile leso sitatimende ngaphambi kwezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, namakhulu ezinkulungwane. Ngabamba iBhayibheli ngesinye isandla, neKorani ngesinye, ngathi, "okunye kuqinisile, nokunye kuyiphutha." Futhi ngiphonsela inselele wonke umpristi kaMohamede ukuba eze azofakazisa; noma yimuphi omunye, uBuda, noma angahle abe yini, okumelene neKurani, nokumelana nenkolo yabo. Kodwa wonke umuntu uyathula du.

72 Kodwa, bazalwane, isizathu ngenze lokho, yingenxa yokuthi ngiyazi uMhlengi wami uyaphila! Futhi UyiQiniso. UJesu Kristu uyaphila. Ulapha!

73 Manje akuyilutho ngokwami engingakwenza, isipho sikaNkulunkulu. "Ukwenza kanjani na?" Ngukuzivumela wena uqobo.

74 Khona kulesisakhiwo manje kuneziningi, iziNgelosi eziningi. Wena uthi, "Ngabe lowo ngumBhalo na?" Lelo yiBhayibheli. Ake ngikukhombise. Mangaki amaKristu alapha, phakamisa isandla sakho? Kulungile, ningazehlisa. IBhayibheli lasho ukuthi, "IziNgelosi zikaNkulunkulu zibiyele labo abaMesabayo." Ngakho-ke, zikhona iziNgelosi lapha!

75 Khona-ke uKristu wathi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngizoba phakathi kwabo." Ngakho-ke, Ulapha! Into kuphela okuyiyo ngukuthi, awukwazi ukuMbona, kepha ngokukholwa siyakukholwa.

76 Ngingakufakazisa kini ukuthi umsakazo udlula ngapha, nawo, amaphimbo. Ngingakufakazisa kini ukuthi izithombe zidlula ngapha. Kungeke kushaye ku*leli*shubhu lapha; kungeke kushaye ku*lokhu*, lengilazi, kulombhobho; futhi kungeke kuze ku*lesi* siqeshana sempahla, ngoba kwakungenziwanga ngaleyondlela. Kodwa kunesiqeshana sempahla ezophinda ikhiqize leso sithombe.

77 Futhi uNkulunkulu wabeka abanye eBandleni, kuqala abaphostoli, bese kuba abaprofethi, abafundisi, abavangeli, nabelusi, konke ukuphelelisa iBandla. Singamlahla kanjani omunye, futhi sithi lona omunye akanjalo na? UNkulunkulu uyakwenza, qobo lwaKhe. Akuyilutho emhlabeni kodwa nje ukuzinikela wena uqobo kuMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele uthatha kusukela lapho, futhi awazi ukuthi wenzani. Ngumsebenzi kaMoya oNgcwele ozibusayo.

78 Manje, bangani, dolobha lami lasekhaya. Futhi ngifuna ukusho lokhu manje, ngaphambi kokuvala lemvuselelo. Ngolunye lwalezi zinsuku kungeke kube khona ngisho

nomlotha osalayo eJeffersonville, kungeke kube khona namunye osalayo eCharlestown, kungeke kube khona namunye osalayo eLouisville. Lomhlaba usuvuthwele ukwehlulela. Banebhomu yehaydrojini manje ukuthi iRashiya engayidubula iseMoscow, idilikele kuFourth Street, futhi ithathe konke okwalezi zitshalo eziyimpuqumpuqu ngapha, futhi iyizikise ngamafidi angamashumi ayisikhombisa nanhlanu ngaphansi komhlaba, ngebhomu elilodwa. Ibhomu elilodwa; isikwele samamayela ayishumi nanhlanu, izohamba amafidi ayikhulu namashumi amahlanu emhlabathini. Isandla sisengcipheni. Iwashi elikhulu liyahamba. Sekuleyithi kunoma sicabanga. Kungani ulinde kuze kube yileso sikhathi na?

79 Khumbulani, "Lelitabernakele lasemhlabeni lizodilizwa, sinalo eselivele lilindile." Ungawesabi amabhomu e-haydrojini noma lutho enye into. Kuphela nje uma unoKristu enhliziyweni yakho, leso yisikhoselo sebhomu esingcono kunazo zonke engazi ngaso. Senziwe ngezimpaphe; ngaphansi kwamaphiko aKhe, uhlala khona. Ngakho ungakhathazeki ngalezo zinto, uma ungumKristu.

80 Kodwa uma ungesuye umKristu, empeleni ume endaweni embi kabi. Awazi ukuthi yimuphi umzuzu inhliziyo yakho ezokuma ngawo ukushaya. IBhayibheli lathi amadoda azofa ezinsukwini zokugcina, ngenkathazo yenhliziyo, "Inhliziyo yamadoda iyehluleka, ukwesaba, izikhathi ezingaqondakali, usizi phakathi kwezizwe." Buka ukuthi yini enye, okuphindwe kashumi njengendoda amaningi ifa, njengabesifazane; iBhayibheli alizange lisho ukuthi inhliziyo yabesifazane yayiyohluleka, Lathi, "Inhliziyo yamadoda iyohluleka." Kunjalo impela, ngokuphelele.

81 Ngolunye usuku e-Oakland, umkami nami ngangingale eSan Francisco, lokho kuzamazama komhlaba okukhulu kwazamazama. Futhi umhlaba waqala ukubhodla nentwabi lapho, kwaze kwazamazama izakhiwo, noshimula bawa. Amabhola amakhulu omoya aya phezulu ka*njalo*, nentuthu kuwo, noma impuqumpuqu yamalahle, noma ngabe kwakuyini, phandle kwalezo zindawo. Nabantu begijimela ezitaladini, bememeza. Ngacabanga, "Kuyobanjani lapho iNkosi ibonakala ngempela na?" Amajoyinti otshwala, eqhubeka ngqo, nokubeka utshwala bawo, babuyela emashalofini, nokubuthengisa. Abantu beza ukuzobuthenga. Indoda beyingeke ibuthengise uma kungekho muntu owabuthengayo. Kunjalo.

82 Kungukuthi, yithi esinecala. Ake ngikutshele, mfowethu. NgingumMelika, futhi ngiyalithanda izwe lami. Kodwa lesisizwe esidala silinganisiwe esikalini, futhi safunyanwa silula. Siyacwila, ngokuqinisekile njengoba ngingumfundisi ngemva kwalomsamo kulobubusuku. Manje ngisho lokho ukuze ngithole umusa kuNkulunkulu. Ngikusho ngoba uNkulunkulu ukubeke

enhliziyweni yami ukuba ngikusho. Futhi into enhle kunazo zonke kuwe ukuba uyenze kungukulungela ukuFika kweNkosi.

83 Manje Mkholweni, yibani nokukholwa kuYe. Manje, onke amazwi ebengingawasho, ngiyasho futhi, angeke asho lutho kunalokho uJesu abeyokusho. Kodwa niyaqaphela lapho engimi khona, naleliqembu labantu kulobubusuku na? Kuphakathi kokuthi ngiphazamisile ngokungesikho, ngihumushe ngokungesikho into ethize, noma ngasho iQiniso. Manje uma uJesu Kristu evukile kwabafileyo, futhi, wethembisa, izinto ezifanayo Azenza nathi siyozenza. Futhi ngishilo, kusukela enganeni engumfana . . .

84 Ngangingakabi nezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ubudala, ngiyacabanga, kodwa hhayi ngaphezu kweminyaka emibili, empeleni, ngenkathi ngibona umbono wami wokuqala. Beku, njalo, impilo yami yonke. Abantu lapha etabernakele, bayakwazi lokho. Inqobo nje njengoba ngibe lapha, awukaze nakanye wehluleke. Futhi awusoze wehluleka, ngoba nguNkulunkulu. Ihambe yajikeleza umhlaba, imvuselelo enkulu yokhelekile. Futhi manje, ngomusa kaNkulunkulu, sengisesigidini sami sesibili semiphefumulo, khona ngqo emhlanganweni yami, ngiyizuzela eNkosini uJesu. Isigidi sesibili, kunjalo. Futhi cabanga nje ngezinye izigidi eziphumile, u-Oral Roberts, zonke lezo zinhlansi ezikhanyiswe kusukela kulokho, futhi kwaqhubekela phambili, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, kwaze kwaba semhlabeni jikelele kunemvuselelo eyodwa enkulu yaMandla kaNkulunkulu, ehambayo. Nodeveli bededela zonke izinhlobo zezinto ezingamanga, ukulwa naLo. Kodwa elangempela, iZwi likaNkulunkulu leqiniso lizohamba ngqo lize lifike ekugcineni. Alisoze lehluleke! "Mina iNkosi ngikuhlwanyelile. Ngizokunisela imini nobusuku, funa abanye bakuhlwithe esandleni saMi."

85 Manje, kulobubusuku, ngishilo ukuthi uKristu wavuka kwabafileyo. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, iNkosi inibusise. Uma Izokwenza lokho, khona-ke ni . . . Uma ukukholwa, uNkulunkulu akubusise. Mcele, khona-ke, lapho efika enkundleni. Uma uKristu ezovela lapha kulomsamo! Nansi inselele. Uma uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ezobonakala khona lapha emsamo, futhi enze izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, nizoMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

86 Mbhekeni, endleleni ebheke e-Emawuse, kanjani labo bafana, bephula . . . Ngenkathi Ehlephula leso sinkwa, Wenza okuthize lapho okungekho omunye umuntu ongakwenza. Kwakuyinto engenziwa nguKristu yedwa kuphela. Futhi bakuqonda.

87 Manje uma Ezokwenza into efanayo lapha, leyo okunguKristu kuphela ongayenza; hhayi into ethize engamanga, kodwa yona kanye nje into efanayo Ayenza; khona-ke Mkholweni, niMemukele, nibe nokukholwa kuYe, niMthande, niMkhonze.

88 Ake nginitshele, ungalijoyini isonto manje. Lokho ngeke kusebenze. Ufanele uzalwe ngokusha. Akusikho ukuvusa amadlingozi; hhayi into ethize encanyana ethize oyishilo, "Awu, ngimemezile. Ngikhulume ngezilimi. Ngenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Uma ngempela phansi enhliziyweni yakho, Okuthize kuza ukuzokuguqula, futhi ube isidalwa esisha kuKristu Jesu; wemukele uMuntu, uKristu Jesu; lapho izinto ezindala zifa, nezinto ezintsha zizalwa kabusha; wenza izinto kahle, ukuthi wenze iphutha; uthanda izitha zakho, ukhulekela labo abakusebenzisa ngokukudelela; yilapho-ke ungumKristu khona. Umuthi waziwa ngesithelo osithelayo.

89 Kwangathi iNkosi inganibusisa manje, sisakhothamisa amakhanda ethu. Ngizocela udadewethu ukuba aye opiyaneni, ngokunensa adlale "*Inyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo*." Futhi nina eningaphandle, manje, onamakhadi okukhulekelwa, sondelani eduze nomnyango, sizoqala nje emzuzwaneni. Asikhuleke.

90 Baba wethu oseZulwini oBusisiwe. O, iphimbo lami elibi, izinyanga ezine ngikhuluma, ngikhathele kakhulu emphinjeni wami. Kodwa ngiyakhuleka ukuthi Uzongisiza khona manje. Lapha kuzoba ngelinye ibanga eTabernakele likaBranham. Lapha kuzoba nomunye ufakazi ovukayo ezinsukwini zokugcina, ngoSuku lokwaHlulelwa. Abaningi bemi phakathi nangaphandle, kulobubusuku, abaningi babo bayazibuza, abaningi bayacabanga, "Ngabe kuyiqiniso, noma akusilo iqiniso na?"

91 O Baba oPhakade noBusisiwe, sikhulekela ukuthi manje Uzobonakalisa uthando lwaKho kithi, ngokubonakala lapha nokwenza iZwi laKho libe yiqiniso. Ngikhulumile ngeZwi laKho; njengoba Wenzile, Qobo lwakho, kuKleyophase nomngani wakhe, beya e-Emawusi. Futhi endleleni yethu, Nkosi, sisahamba, Wena khuluma nathi ngeZwi laKho. Futhi manje woza phakathi kwethu! O Kristu omKhulu, woza phakathi kwethu, fakazela amaZwi aKho ukuthi ayiqiniso, futhi ubonakalise ubuWena baKho lapha kulobubusuku. Njengoba, thina zidalwa ezingakafanelekile sivuma ukuthi siyizoni futhi asifanelwe yilezi zinto, kodwa siyakukholwa, Nkosi. Futhi ngomusa siyakwemukela, ngokukholwa, ukuthi sisindisiwe, nabantwana baKho. Sibusise manje, Nkosi.

92 Ngiyazi ukuthi iZwi laKho liyiqiniso, ngesikhathi Uthi "umprofethi edolobheni lakubo, phakathi kwabantu bakubo." Kodwa, Nkosi, ngiyakhuleka, okwalobubusuku nje, ukuthi nje

Uzobuka phansi kubantu, futhi uzibonakalise qobo lwaKho kanye futhi lapha kulelidolobha, ngokuhamba kukaMoya oNgcwele. O Nkulunkulu oPhakade, sibusise manje njengoba silindela kuWe. Futhi wenze izinto Owazenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, futhi iJeffersonville ingeke isaba nanto yinye ezokhononda ngayo. Kodwa, siyazi ukuthi abayikuba nazaba ngaloloSuku, ukuthi Uzibonakalisile Wena uqobo. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

93 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . hhayi lokho afuna ngikukhulekele. Qha, akusiwo umdlavuza, ngoba uphulukisiwe kulokho. Kodwa ufuna ngimkhulekele ngenxa yenkathazo yeqolo anayo. Kunjalo. Yinkathazo eseqolo lakhe. Ngabe kunjalo na? Manje uyakholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo na? Manje bheka. Uma ngikhuluma naye isikhathi esidanyana nje, mhlawumbe kukhona okunye okuzoshiwo. Angazi. Manje, bengingazi ukuthi iyini inkathazo yakho. Angazi manje ukuthi bekuyini. Niyabo? Kodwa abaqophayo bakutholile, ungathola ukuthi Utheni.

94 Ake sikhulume nje umzuzu kadanyana, futhi sibone ukuthi Uzongitshela yini okunye okuthize. Ngibona owesifazane obukeka ngendlela . . . Ngomunye wesifazane, futhi uyamkhulekela. Futhi ubonakala sengathi usesikhungweni esithize noma isibhedlela, kuthi akube yi . . . Yindawo yengqondo. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] YiMadison, e-Indiana. ["Kunjalo."] Ngu—ungu—ungu—ngudade omfunela umkhuleko, osesikhungweni. Futhi uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, nakho konke okuphakathi kuwe, uNkulunkulu uzokhulula futhi uzophulukisa iqolo lakho futhi akusindise. Uyakukholwa manje na? Kulungile, woza lapha.

95 Baba Othandekayo oseZulwini, siyakhuleka eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzophulukisa owesifazane, futhi umenze asinde. Futhi umnike lesisibusiso. Futhi ngiyakhuleka ukuthi izihawu zikaNkulunkulu zizohlala phezu kwakhe, futhi uzomphulukisa, bese uzitholela udumo luze kuWe. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu Kristu. Amen.

96 Ngingahle ngisho lokhu. Kukhona ukungqangqazela okuvela lapho, kusuka khona ngqo emuva *lapha*. Umzuzwana nje, yima lapho umzuzu nje. Ngiqaphele lokho kuKhanya kusukile kuwe. Kunabaningi kakhulu, kuminyene kakhulu ngakimi lapha. Wonke umuntu uyadonsa. Kodwa ngiyaKubona kuhamba kuza kuwe. Ngumuntu o . . . Uno—nokuhlinzwa kwabesifazane okuzayo. Kunjalo. Ngibone abantu ababili noma abathathu bevela, futhi ukuKhanya kwashuma kwabuyela emuva lapho futhi kwashaya lowo muntu ome emuva lapho. Yibo abakhulekela lokho. Niyabo? Kunjalo. Futhi une, yisimo senenekazi elinokuhlinzwa kwabesifazane. Kunjalo. Manje hamba futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, neNkosi uNkulunkulu ikuphulukisile. Amen.

97 Ungeza na? Inenekazi, uyakholwa eNkosini uJesu na? [Inenekazi lithi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo na? Manje, ukukwazi, angikwazi. Ngingahle ukuba ngikubonile uma usuka ngapha. Angazi. Abantu bayeza baphinde bahambe, angibikhona etabernakele ngokwanele ukwazi. Kodwa, wena, uvela edolobheni na? ["Yebo."] Uvela edolobheni. Kulungile, khona-ke, kodwa angikwazi. Kodwa uKristu uyakwazi. Kodwa uma Ezokwembula kimi, ngimi lapha, ukuthi ulapha mayelana nani, uzokukholwa futhi ukwemukele na? Futhi uyazi ukuthi angazi ukuthi ulapha mayelana nani, anginamcabango. Into kuphela, kungenzeka ukuthi ungibone ngasedolobheni, noma into ethize, noma, noma into ethize. Angazi. Lokho kukuNkulunkulu uku— ukwazi lokho.

98 Khona emuva lapho, ufuna ukwedlula enkathazweni yezibilini obulokhu unayo na? Uyakholwa ukuthi iNkosi Jesu izokusindisa na? Uma ukukholwa, ungaba nakho.

99 Omunye unenani legazi elibi, uhlezi emuva lapho, ngibabonile bethatha. Uyakholwa ukuthi iNkosi izokusindisa na? Kulungile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke ungaba nokuphulukiswa kwakho, uNkulunkulu usanda kukuphulukisa nje. Uthinte Yena. Awuthintanga mina neze, uqhele ngamafidi angamashumi amathathu kimi. Amen.

100 Manje niyakholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo na? Buka nje, futhi uphile, manje lapho umugqa usuyahambahamba. O, kunzima kakhulu lapha eJeffersonville! Niyabo? Nesixuku esinjengalesi sikuhaqile, wonke umuntu! UJesu wabamba indoda ngesandla, futhi wayiholela ngaphandle komuzi, ngesinye isikhathi.

101 Manje bukani ngalapha, dadewethu, umzuzwana nje. Kholwa ukuthi iNkosi Jesu ikhona ukukusiza. Uhlushwa yinkinga esekugcineni kwethumbu elikhulu, nodokotela ukuhlolile. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Futhi ukutshele ukuthi bekungu "mongozini." Ngiyakubona futhi uzama ukuhambahamba unqamula indlu, futhi uhamba kancane ngempela. Unesifo samathambo. ["Kunjalo."] Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Udokotela uthe ufanele uhlinzwe. Kunjalo impela. Futhi ngimbona esayina lelo khadi elincane lapho ehhovisini lakhe: Rebekah Baker. ["Yebo, mnumzane."] 509 Graham Street. ["Kunjalo."] Kunjalo impela. Lapho kusehhovisini lakhe, erekhodini. Kunjalo. Uyakholwa na? ["Yebo, mnumzane."] Ngakho-ke ungaba nokuphulukiswa kwakho. Kulo, iGama leNkosi uJesu Kristu, kwangathi lona owesifazane angemukela ukuphulukiswa kwakhe. Amen. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Hamba, ukholwa manje. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

Ukuba kuphela bewungabuqonda nje uBukhona beNkosi!

102 Manje inenekazi elimi lapha, ukuze nikwazi. . . Angikwazi wena, ngokwazi kwami. Awungazi, futhi angikwazi nami. Ngabe lokho kunjalo na? Kulungile. Ngakho-ke ungumuntu ongangazi, futhi nami angibazi. Futhi bengingalazi elinye inenekazi. Kodwa lelinenekazi liyisihambi ngokugcwele, ngokwazi kwami. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Isikhathi sethu sokuqala, ukuba sike sihlangane empilweni.

103 Nangu owesifazane nowesilisa. Isithombe esihle nje sikaJohane oNgcwele 4, lapho owesifazane noweSilisa bahlangana khona; nowesifazane wayengumSamariya, uJesu wayengumJuda. Futhi baqala ukukhulumisana omunye nomunye, futhi uJesu wembula izimfihlo zenhliziyo yakhe futhi wamtshela lapho inkathazo yakhe yayikhona. Manje, uma EnguJesu ofanayo namuhla, Angenza umsebenzi ofanayo namuhla.

104 Uma lona wesifazane engaphakamisela isandla sakhe kuNkulunkulu, kungesikho ukufunga (ngoba, asikholelwa ekukwenzeni), aphakamise nje isandla sakhe ngobuqotho, nesami, ukuthi asikaze sibonane phambilini, futhi asazi lutho ngomunye nomunye. Ungasiphakamisa isandla sakho, nenekazi na? Nakho laph'ukhona. Akazange angibone, noma angikaze ngimbone, futhi uyisihambi ngokugcwele. Manje uma kune . . .

105 UBukhona beNkosi uJesu bulapha. Uma owesifazane egula, bengingeke ngamphulukisa. Usevele uphulukisiwe; uKristu wamphulukisa ngenkathi Emfela. Uyakukholwa lokho na? Kodwa ukube Ubemi lapha manje, futhi—futhi lapho ngimi khona, futhi Ubezo, ubezokwembula kuye, noma enze okuthize ukuze aphakamise ukukholwa kwakhe ukuhlangabeza! Manje, angahle ukuba ume lapha ngezinkinga zezimali. Angahle ukuba ume lapha ngezinkinga zasekhaya. Angahle ukuba ume lapha, ebulawa ngumdlavuza. Angahle ukuba ume lapha nge-TB. Angazi. Angeke ngikutshele.

106 Futhi manje uma ufuna ukuzibeka endaweni yami, woza lapha futhi uthathe indawo yami. Wemukelekile. [UMfowethu Branham uthi ukuma okwesikhashana—Umhl.] Impela. Nami angikwazi, futhi kanjalo angeke ngikwenze. Kodwa uNkulunkulu waseZulwini uyazi. Seniyakuqonda manje na? [Ibandla lithi, "Amen."]

107 Futhi uma uKristu engenza into efanayo lapha, iqiniso elingenasiphosiso, njengoba Evukile kwabafileyo, futhi wafakazisa ukuthi UnguJesu ofanayo owakhuluma nowesifazane emthonjeni, bangaki phakathi lapha othi, "NgizoMemukela khona manje njengoMphulukisi wami, noma ngabe yini engiyidingayo"? Phakamisa isandla sakho, uthi, "NgizoMemukela uma Ezokwenza lokho."

108 Owesifazane nezandla zakhe ziphakeme, asikaze sihlangane. INkosi isiphe khona, ngumkhuleko wami. Manje inenekazi

libonakala lihamba lisuka kimi; uma izethameli bezingabamba iphimbo lami. Ngibona umuntu othize emile. Akusikho okwakhe, kangako. Ukhulekela omunye umuntu, futhi lelo yinenekazi eselikhulile. Ngumama wakhe, amkhulekelayo. Lelo yiqiniso. Unokuhlaselwa yinhliziyo okuncane, ukubhakuza kwenhliziyo okuncane, okufana nakho. Akakwazi ukulala ebusuku. Ngabe akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Futhi lelo nenekazi aliveli kulelizwe. Lelo nenekazi livela kude nalapha. Lelo nenekazi livela eGeorgia. Lokho kunjalo impela. Futhi uvela eGeorgia. Futhi ufuna ukukhulekela iso lakho, futhi. Sewuqala ukungaboni emehlweni akho. Futhi lokho kuyiqiniso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Kulungile.

109 Manje seniyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ngesikhathi ngisamkhulekela, zikhulekeleni laphaya, futhi nikholwe nguNkulunkulu. Ukhona lapha, usezindaweni zonke.

Woza lapha, dade.

110 Msindisi Obusisiwe, ngiyakhuleka ukuthi, eGameni likaKristu, ukuthi Uzonikeza lona wesifazane isifiso sakhe. Sengathi aMandla kaNkulunkulu uSomandla angaphumula phezu kwakhe, futhi sengathi angaphulukiswa futhi athole noma yini ayicelile. Ngikhulekela lesi sibusiso eGameni likaJesu. Amen.

111 Manje hamba, uthokoza, futhi ujabule. Futhi kholwa, dade, futhi usindiswe. Kulungile.

112 Anginasiqiniseko, kodwa ngikholwa ukuthi ngiyamazi lona wesifazane. Ngikholwa ukuthi uvela eGeorgetown, ngoba ngi. . . Awusiso yini isihlobo sikaMfowethu Arganbright na? Kusobala, manje lolugcobo, lwehlukile. Uyaqonda ukuthi kunomehluko khona manje. Uma ngikhuluma nawe kwenye indawo; kwehlukile khona manje. Uzizwele umuzwa omnandi wangempela, okunjalo. NguMoya oNgcwele. Awukho lapha ngokwakho. Ulapha ngenxa yomunye umuntu, futhi leyo yintombazanyana cishe eneminyaka emine noma emihlanu ubudala. Inenkathazo yenso, futhi ihlala enyakatho ne-Indiana. Lelo yiqiniso. Lokho okuphethe esandleni sakho, kuthumele kuyo, futhi izosindiswa. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje, futhi wemukele lokho okucelile, eGameni likaKristu.

"Uma ungakholwa nje, zonke izinto ziyenzeka!"

113 Nanti inenekazi eliyisihambi kimi. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Siyizihambi komunye nomunye, iminyaka eminingi eyehlukene; mhlawumbe eminingi, sizalwe amamayela amaningi ngokwehlukana. Angikwazi, angikaze ngikubone. Kodwa uJesu Kristu uyakwazi.

114 Kukhona okwenzekile ezethamelini; indoda ethize ibonakele ngakimi. Nansi ihlezi lapha, khona lapha, inkaba eyisibhono. Uyakholwa, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Yebo!"—Umhl.] Ngakho-ke uKristu uyakuphulukisa futhi uyakusindisa! Amen.

115 Yileyondlela yokukwenza, kholwa! Ithinteni na? Angikaze ngiyibone indoda; kodwa iphulukiswe khona lapho. Ithinte iNkosi uJesu Ekhona lapha. Susa lokho kungakholwa kuwe! Khohlwa ngami nginguWilliam Branham. Bheka kuJesu Kristu, nguYe Olapha. Ngiphosela inselele ukukholwa kwakho, eGameni likaKristu, ukuba ukhohlwe ngami; futhi ukholwe ukuthi lena yiNkosi uJesu lapha, futhi ubone ukuthi kuzokwenzekani. Angikhathali ukuthi ukuphi esakhiweni.

116 Manje nangu owesifazane omncane. Angikaze ngimbone. Mdala kunami. Yena, angazi ukuthi ungubani, uvelaphi, angazi lutho ngaye. Ngiyisihambi esiphelele kuye. Kodwa uKristu uyamazi.

117 Uma Engangembulela ukuthi ulapha mayelana nani, ungakwemukela yini futhi ukukholwe na? [Udade uthi, "Impela."—Umhl.] Ube nokuzizwela okungejwayelekile emizuzwini embalwa eyedlule, ngenkathi ngikhuluma okuthize, awuzange na? Bekungudadewenu ["Yebo."] osesibhedlela sezinhlanya eMadison, e-Indiana. ["Kunjalo."] Lokho yiqiniso. Ngokuba, omunye wesifazane ubemi lapha, nawe futhi bewumi lapho ubheke ngqo ngalapha. Futhi umbono, wena bewukholwa ngesikhathi uza ukhuphuka. ["Yebo."] Kunjalo impela. Yilokho okukwenzile. Futhi isizathu ulapha kulobubusuku, yingenxa yokuthi unenkathazo yenhliziyo. Usanda kuba nokuhlaselwa yinhliziyo. Kunjalo impela. ["Kunjalo."] Futhi ngiyabona manje, ngisabuka embonweni, lelozwe eligingqikayo. Uvela ndawana thize lapha eningizimu ne-Indiana. Uvela eduze naseCorydon, yilapho ovela khona. Buyela ekhaya, ususindile. UJesu Kristu uyakusindisa. Lowo ngu USHO KANJE UMOYA ONGCWELE.

118 Yiba nokukholwa, futhi ukholwe. Ungangabazi. Kholwa nje kuphela. Ngabe uyakuqonda ukuba sezindaweni zonke kweNkosi uJesu na? Kumangalisa kanjani pho! Yini indaba na?

119 Ngalapha ekhoneni, ngibona umbono. Udokotela akazi ukuthi ngumdlavuza yini noma yiTB. [Umuntu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Kunjalo. Kodwa uma uzokukholwa, sewuphulukisiwe, empeleni. Ukukholwa kwakho kukusindisile. Qhubeka.

120 Nakho laph'ukhona. Ukuba sezindaweni zonke kukaNkulunkulu ophilayo! Ngiphonsela inselele ukukholwa kwakho. "Uma ungakholwa nje!" Manje, Uvukile kwabafileyo. Ulapha kanye nathi. Nguye Lowo! Yizo kanye izinto Azenza ngesikhathi Elapha emhlabeni. Iminyaka eziyinkulungwane ezimbili ezedlule, Usaphila, futhi Uphila kuze kube phakade. Kholwani nje, nibe nokukholwa.

121 Angikwazi, nenekazi. Angikaze ngikubone empilweni yami, angazi lutho ngawe. Yiqiniso lelo, akusilo na? UJesu Kristu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi ulapha mayelana nani, uzoMkholwa, futhi ungikholwe ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uma Ezokwenza lokho, uyazi ukuthi kukhona Okuthize okungigcobile. Uzofanele wazi ukuthi yiLokho. Manje uma bengithe, "Ngizobeka izandla zami phezu kwakho, phulukiswa," ubuzoba nelungelo lokukungabaza lokho. Kodwa uma uNkulunkulu engitshela okuthize owaziyo ukuthi kuyiqiniso, khona-ke uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha. Ngabe kunjalo na? [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Yinkinga yabesifazane. Uhlinziwe, ngiyakubona usuka etafuleni lokuhlinzwa, nento emhlophe ikumboze ubuso bakho, kodwa akuphumelelanga. Kunjalo. Kodwa, lowodeveli wacashela udokotela, kodwa angeke akwazi ukucashela uNkulunkulu. Hamb'ekhaya, futhi usinde, nenekazi, uJesu Kristu usekuphulukisile futhi wakusindisa.

Uma ungakholwa!

122 Ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Uyamkholwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi ulapha na? Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? Isifo sikashukela asiyilutho, ukuba uNkulunkulu asiphilise. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Ngakho-ke iya ekhaya futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Woza lapha, nenekazi. Uyakholwa na?

123 Manje yekela ukucabanga lokho emuva lapho! Akusikho "ukufunda ingqondo." Ungeke usaphunyuka ngakho manje! Ake ngikukhombise.

124 Angimazi lona wesifazane. Beka izandla zakho phezu kwezami, nenekazi. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho! Mina ngibuka nga*lapha*, uyazi ukuthi angifundi ingqondo yakho. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi nami ngiyinceku yaKhe na? Uma uzokholwa, phakamisa isandla sakho. Unenkathazo yabesifazane, inkinga yamanenekazi. Kunjalo. Ubunayo; awusenayo manje. Uphulukisiwe. Qhubeka ngendlela yakho, futhi ujabule futhi uthokoze.

125 Woza, mnumzane. Leyo nkathazo endala yenso, nento ethize ekukhathazayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Akuphulukise kuyo na? Ngakho-ke, eGameni likaJesu Kristu, yemukela ukuphulukiswa kwakho, futhi uhambe endleleni yakho, ujabula. Amen. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

Kholwa!

126 Unjani, nenekazi na? Ungeke yini wathanda ukuhamba, udle ukudla okukahle futhi njengoba wawuvamisile na? Bewulokhu

unokwethuka konke, bewungenjalo na? Kwabangela ukuthi ube nesilonda esiswini sakho. Hamba, uzitholele ihembhega futhi uyidle, uJesu Kristu ukusindisile. Qhubeka endleleni yakho, ujabula.

127 "Uma ungakholwa!" Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ophilayo, uKristu onamandla onke ukhona lapha manje, ukuphulukisa wonke umuntu phakathi lapha.

128 Umzuzwana nje. Emuva le ezansi nomugqa, ohlezi phansi ngqo lapha, kuhlezi insizwa. Ukukholwa kwakho kukhulu kunalokho obucabanga ukuthi unakho, ndodana. Ubunenkinga yenhliziyo, ubungenayo na? Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho. UJesu Kristu ukuphulukisile, ndodana. Sewuphililile. Qhubeka endleleni yakho, futhi usinde.

129 NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

130 Nansi indoda engingayazi. Siyizihambi omunye nomunye. Ngiyakholwa ukuthi lendoda ibhaphathizwe kulokhu kusa. Kodwa angikwazi, anginamqondo ngawe. Ngabe kunjalo na? Uma uJesu Kristu engembula kimi lokho okuzele lapha, uzokwemukela na?

131 Bangaki ezethamelini abazokwemukela khona manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Uma ungakholwa nje!" Yibani nokukholwa nje. Ningangabazi.

132 Indoda inenkinga yesikhumba. Kunjalo. Futhi ngiyabona ukuthi uba. . . Yinkathazo yendlala yabesilisa, futhi. Kunjalo. Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Futhi ngibona into ethize emnyama imi phakathi kwakho nowesifazane; ngumkakho. Uyamkhulekela. Uyisoni, futhi ufuna ukuthi abe ngumKristu. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. Hamba, ubeke izandla zakho kuye, futhi umkhulekele, ukuthi uNkulunkulu eZulwini uzokwembula ukubaluleka kwalezi zinto ukuthi ziyizo ngempela.

133 Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza na? "Uma nje ungakholwa!" Ngiphosela inselele ukukholwa kwakho. Le emuva ngemuva, noma ukuphi, buka futhi uphile! Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, noma ngabe ukuphi. "Uma nje ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka." Uma ungakholwa nje! Bhekisisa. Buka ngalapha. Khuleka. [UMfowethu Branham uthi ukuma kancane—Umhl.]

Wena uthi, "Ubhekisisani, Mfowethu Branham na?"

134 Rebekah, buya ngalendlela kancane, s'thandwa. Yima nje lapho ukhona. Nanso-ke intombazanyana yami, leyo ngelinye ilanga eyoba ngumprofethikazi, futhi. Lelonenekazi elimi lapho ngakuwe, s'thandwa, elifake isigqoko esimhlophe, liphethwe yinkathazo yamankanka. Phakamisa isandla sakho, noma ume

ngezinyawo zakho, nenekazi. Uyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzobiza, angivumele ngikubize. Ngabe kunjalo na? Vumela intombazanyana yami ibeke izandla zayo phezu kwakho lapho. O Nkulunkulu oPhakade, eGameni likaJesu Kristu, ngiyalikhuza lelo dimoni elikhathaza lowo wesifazane. Futhi alisuswe, eGameni likaKristu. Amen.

135 O, alibusiswe iGama leNkosi! Sengathi iNkosi uJesu ingazembula qobo lwaYo, futhi. Niyakholwa ukuthi Ulapha na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho-ke ake nginitshele, yilowo nalowo wenu, njengamanje, uma ningakukholwa, uJesu Kristu uyanisindisa nonke, khona manje. Uma amazwi ami liyiqiniso *lapha*, kuyiqiniso *lapho*. Uma nizokwenza lokho enginitshela ukuba nikwenze, ningaphulukiswa khona manje. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."] Ngakho-ke bekani izandla zenu komunye nomunye. Bekani nje izandla zenu phezu komunye nomunye, phakathi noma ngaphandle. Ningangabazi! Ngizwe umoya wokuba yisithulu usuka. Nangu la Ekhona, uKristu ovukileyo ekufeni!

136 O Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, eGameni leNkosi uJesu, ngiphosela inselele wonke umoya ongcolile, eGameni likaKristu iNkosi, ukuthi uzosuka kulendawo, uphume kulaba bantu. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu manje ungabhaphathiza wonke umuntu phakathi lapha, ngokholo olukhulu ukukholwa.

137 O, Sathane, wena demoni, sewusisabisile isikhathi eside ngokwenele. UKristu uvusiwe, Umile lapha nezihluthulelo zokufa nesihogo zilenga kuYe. Amandla okuphulukisa akhokhelwe. Futhi siyakuyala, ngeGama likaJesu Kristu, iNdodana ephilayo kaNkulunkulu, ukuthi usuke kulaba bantu. Phuma kubo, Sathane, ukuba bahambe futhi baphulukiswe.

138 Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ukuthi uJesu Kristu ukuphulukisile, sukuma ume ngezinyawo zakho, futhi wemukele aMandla obuNkulunkulu okuphulukisa kaNkulunkulu uSomandla. Yilokho-ke! Ayidunyiswe iNkosi! Ayibusiswe iNkosi! Wena u, wonk'umuntu, uphulukisiwe. Yimani ngezinyawo zenu, futhi ninike uNkulunkulu udumo! Amen! Alibusiswe iGama leNkosi! AsiMnikeni udumo, sisaphakamisa izandla zethu futhi siMdumise. Busisa iNdodana kaNkulunkulu ophilayo! Amen!

*NaMehlo Abo Ayesevuleka BaMazi* ZUL57-0421E
(And Their Eyes Were Opened And They Knew Him)
Uchungechunge Lwezimvuselelo ZePhasika

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto lePhasika kusihlwa, ngo Apreli 21, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

